¹² Bazalwane, ngithanda ukuba likwazi ukuthi okwenzakale kimi kusizile impela ekuqhubeleni ivangeli phambili.

¹³ Ngalokho, sekube sobala kubo bonke abalindi besigodlo lakwabanye bonke ukuthi ngibotshelwe uKhristu. ¹⁴ Ngenxa yokubotshwa kwami, abazalwane abanengi eNkosini sebelesibindi sokukhuluma ilizwi likaNkulunkulu ngesibindi esikhulu kungelakwesaba.

¹⁵ Kuliqiniso ukuthi abanye batshumayela uKhristu ngenxa yomona lombango, kodwa abanye ngenxa yesifiso esihle. ¹⁶ Laba benza lokhu ngothando, bekwazi ukuthi ngifakwe lapha ukuba ngivikele ivangeli. ¹⁷ Abakuqala batshumayela uKhristu ukuzikhukhumeza, bengeqotho, becabanga ukuthi bangangidalela uhlupho ngisekubotshweni. ¹⁸ Kodwa-ke kuhluphani? Into eqakathekileyo yikuthi ngezindlela zonke, langabe kuyizisusa zamanga loba iqiniso, uKhristu uyatshunyayelwa. Njalo ngenxa yalokhu mina ngiyathokoza.

Yebo, ngizaqhubeka ngithokoza, ¹⁹ ngoba ngiyazi ukuthi ngemikhuleko yenu langosizo lukaMoya kaJesu Khristu, okwenzakale kimi kuzaletha ukukhululwa kwami. ²⁰ Ngokutshiseka ngilindele njalo ngithemba ukuba angiyikuyangeka langayiphi indlela, kodwa ngizakuba lesibindi esaneleyo ukuze kuthi khathesi njengenjwayelo uKhristu uzaphakanyiswa kimi, loba ngokuphila kumbe ngokufa. ²¹ Ngoba kimi, ukuphila kunguKhristu lokufa kuyinzuzo. ²² Uma ngingaqhubeka ngiphila emzimbeni, lokhu kuzakutsho umsebenzi olezithelo kimi. Kodwa-ke kuyini engizakukhetha? Angazi! ²³ Ngiphakathi kwakho kokubili: Ngifisa ukusuka ngibe loKhristu, okungcono

kakhulu; ²⁴ Kodwa kuyasweleka kakhulu kini ukuba ngibe ngilokhu ngiphila kulumzimba. ²⁵ Sengikholwe lokhu, ngiyakwazi ukuthi ngizakuba khona, njalo ngizaqhubeka ngilani lonke ngenxa yokuthuthuka kwenu lokuthokoza ekukholweni, ²⁶ ukuze kuthi ngokubani kwami futhi ukuthokoza kwenu kuKhristu uJesu kuzakwanda ngenxa yami.

²⁷ Loba kusenzakalani, lina ziphatheni ngendlela efanele ivangeli likaKhristu. Ngakho, langabe ngiyeza ukuzalibona loba ngizwe nje kuphela ngani ngingekho, ngizakwazi ukuba liqinile ngamoya munye, lilwela ukholo lwevangeli njengomuntu munye, ²⁸ kungekho kwethuswa langayiphi indlela yilabo abaliphikisayo. Lokhu kuyisibonakaliso kubo ukuthi bazachithwa, kodwa lina lizasindiswa nguNkulunkulu. ²⁹ Ngoba kunikelwe kini ngenxa kaKhristu kungasikukholwa kuye kuphela, kodwa lokumhluphekela, ³⁰ njengoba lilwisa hlupho lunye elabona ngilalo, lakhathesi liyezwa ukuba ngilokhu ngilalo.

Ukulingisela Ukuthobeka KukaKhristu

2 Uma kukhona okukhuthazayo ngokuhlangana loKhristu, uma kulenduduzo evela ethandweni lwakhe, uma kulobudlelwano loMoya, uma kulozwelo lesihawu, ² phelelisani intokozo yami ngokuba ngqondo nye, lilothando lunye, limunye emoyeni njalo linjongo yinye. ³ Lingenzi lutho ngokuzikhukhumeza loba ukuziphakamisa okuyize, kodwa ngokuthobeka. Khangelani abanye njengabangcono kulani. ⁴ Lowo lalowo wenu kangakhathaleli inzuzo yakhe kuphela kodwa akhathalele lenzuzo yabanye.

⁵ Isimo sengqondo yenu kumele sifanane lesikaKhristu uJesu:

⁶ Yena okwathi ngemvelo enguNkulunkulu kacabanganga ukulingana loNkulunkulu kuyilutho olungafinyelelwa ⁷ kodwa wazenza ize, wathatha isimo senceku, yena enziwe ngesifanekiso somuntu. ⁸ Wathi ebunjwe wabonakala njengomuntu, wazithoba walalela kwaze kwaba sekufeni ukufa kwasesiphambanweni.

⁹ Ngakho-ke uNkulunkulu wamphakamisela endaweni ephezulu kakhulu wamnika ibizo elingaphezu kwamabizo wonke, ¹⁰ ukuba amadolo wonke aguqe ebizweni likaJesu, ezulwini lasemhlabeni kanye langaphansi komhlaba, ¹¹ lezindimi zonke zivume ukuthi uJesu Khristu uyiNkosi, kube ludumo lukaNkulunkulu uYise.

Ukucwebezela Njengezinkanyezi

¹² Ngakho-ke, bangane bami abathandekayo, njengoba lihlezi lilalela – kungayisikho nxa ngikhona kuphela, kodwa khathesi ikakhulu nxa ngingekho – qhubekani lisebenzela ukusindiswa kwenu ngokwesaba langokuthuthumela ¹³ ngoba nguNkulunkulu osebenzayo phakathi kwenu ukuba lifune njalo lenze okumthokozisayo.

¹⁴ Yenzani konke kungekho kusola kumbe ukuphikisana, ¹⁵ ukuze libe ngabantwana bakaNkulunkulu abangasolekiyo labahlambulukileyo, abamsulwa phakathi kwesizukulwane esonakeleyo lesixhwalileyo, lina elicwebezela phakathi kwaso njengezinkanyezi emkhathini ¹⁶ lapho liqhuba ilizwi lokuphila – ukuze ngizincome ngosuku lukaKhristu ngokuthi kangigijimelanga kumbe ngasebenzela ize. ¹⁷ Kodwa lanxa ngithululwa njengomnikelo wokunathwa phezu komhlatsshelo lenkonzo evela

ekukholweni kwenu, ngiyathaba ngithokoza lani lonke. ¹⁸ Ngakho lani njalo thabani lithokoze lami.

UThimothi lo-Ephafrodithu

¹⁹ Ngiyathemba eNkosini uJesu ukuba ngizathuma uThimothi kini masinyane, ukuba lami ngithokoze lapho ngisamukela izindaba ngani.

²⁰ Kangilaye omunye onjengaye, othakazelela inhlalakuhle yenu ngobuqotho. ²¹ Ngoba abantu bonke bazifunela okwabo, hatshi okukaJesu Khristu. ²² Kodwa lina liyakwazi ukuthi uThimothi usezifakazele, ngoba njengendodana loyise usebenze lami emsebenzini wevangeli. ²³ Ngakho ngithemba ukumthuma masinyane lapho sengibonile ukuba izinto zingihambela njani. ²⁴ Njalo ngiyathemba eNkosini ukuthi lami uqobo ngizakuza masinyane.

²⁵ Kodwa ngibona kusweleka ukuba ngimbuyisele kini u-Ephafrodithu, umzalwane wami, isisebenzi kanye lami lebutho kanye lami, oyisithunywa senu futhi, elamthumayo ukuba akhangele iziswelo zami. ²⁶ Ngoba uyalikhumbula lonke, njalo ukhathazekile njengoba lezwa ukuthi wayegula. ²⁷ Ngempela wayegula, njalo waphosa wafa. Kodwa uNkulunkulu waba lesihawu kuye, njalo kungayisikho kuye kuphela kodwa lakimi, ukuba angiphephise osizini phezu kosizi. ²⁸ Ngakho ngitshisekela kakhulu ukumthuma, ukuze kuthi lapho limbona futhi lithokoze lami ngibe lokunqineka okuncane. ²⁹ Mamukeleni eNkosini ngokuthokoza okukhulu, njalo libahloniphe abantu abanjengaye, ³⁰ ngoba waphosa wafela umsebenzi kaKhristu, wafaka impilo yakhe engozini ukuze angiphe usizo elingangiphanga lona.

Akukho Themba Emzimbeni

3 Okokucina, bazalwane, thokozani eNkosini! Akusihlupho kimi ukulilobela ngezinto zinye futhi, njalo kuyisivikelo kini.

² Qaphelani izinja lezo, abantu labo abenza okubi, abalimazi bomzimba labo.

³ Ngoba thina yithi abokusokwa, thina esikhonza ngoMoya kaNkulunkulu, esiziqhenya ngoKhristu uJesu, njalo esingabeki ithemba okwenyama – ⁴ lanxa nje mina ngokwami ngilezizatho zethemba elinjalo.

Uma kulomuntu ocabanga ukuthi ulezizatho zokuthemba okwemnyama, mina ngilezinengi: ⁵ ngasokwa ngosuku lwesificamibili, ngingowako-Israyeli, owesizwana sakoBhenjamini, umHebheru wamaHebheru; ngokomthetho, ngingumFarisi; ⁶ ngokutshiseka, ngahlukuluza ibandla; ngokulunga mayelana lomthetho, angilacala.

⁷ Kodwa loba kuyini okwakuyinzuzo kimi khathesi ngikubala njengokulahlekelwa ngenxa kaKhristu. ⁸ Phezu kwalokho, konke ngikubona kuyize lapho kulinganiswa lobukhulu obumangalisayo bokwazi uKhristu Jesu iNkosi yami, esengilahlekelwe yizinto zonke ngenxa yakhe. Ngizibala njengemfucuza, ukuba ngizuze uKhristu ⁹ ngitholakale kuye, ngingelakulunga okungokwami okuvelela emthethweni, kodwa lokho okungenxa yokukholwa kuKhristu – ukulunga okuvela kuNkulunkulu njalo okungokukholwa. ¹⁰ Ngifuna ukumazi uKhristu lamandla okuvuka kwakhe ekufeni lobudlelwano bokuhlanganyela ekuhluphekeni kwakhe, ngibe njengaye ekufeni, ¹¹ ukuze, ngenye indlela, ngithole ukuvuka kwabafuleyo.

Ukulwisela Ukuya Ekucineni

¹² Akusikuthi sengikuzuzile konke lokhu, loba ukuthi sengiphelelisiwe, kodwa ngilwisa ukuba ngibambe lokho uKhristu Jesu angibambela khona.

¹³ Bazalwane, angikazibali njengosekubambile lokho. Kodwa yinye into engiyenzayo: Ngiyakukhohlwa okusemuva ngizama ngamandla ukufinyelela kokuphambili, ¹⁴ ngilwisela ukufinyelela ekucineni ukuba ngithole umvuzo uNkulunkulu angibizela wona ezulwini ngoKhristu uJesu.

¹⁵ Sonke thina esesiphelele kumele sikhangele izinto ngengqondo enjalo. Uma kokunye licabanga ngokwahlukileyo, lalokho uNkulunkulu uzakwenza kucace kini. ¹⁶ Kuphela nje kasiqhubekeni ngalokho esesikuzuzile.

¹⁷ Bazalwane hlanganyelani labanye ekulandeleni isibonelo sami, libananzelele labo abaphila ngokwesibonelo esalitshengisa sona.

¹⁸ Ngoba, njengoba ngangihlala ngilitshela kuqala lakhathesi ngiyatsho futhi langezinyembezi, ukuthi abanengi baphila njengezitha zesiphambano sikaKhristu. ¹⁹ Isiphetho sabo yikubhubha, unkulunkulu wabo yisisu sabo, lodumo lwabo lusehlazweni labo. Inggqondo yabo izezintweni zasemhlabeni. ²⁰ Kodwa elethu ikithi lisezulwini. Njalo simlindele ngokutshiseka uMsindisi evela khonale, iNkosi uJesu Khristu, ²¹ yena okuzakuthi ngamandla amenza abeke izinto zonke ngaphansi kwakhe, uzaguqula imizimba yethu elesimo esiphansi ibe njengomzimba wakhe olenkazimulo.

4 Ngakho-ke, bazalwane bami, lina engilithandayo njalo ngilikhumbula, ntokozi yami lomqhele wami, kumele

liqine kanjalo eNkosini, bangane abathandekayo!

Ukukhuthaza

² Ngiyamncenga uYuwodiya ngincenga loSintikhe ukuba bavumelane eNkosini. ³ Yebo, ngiyakucela, wena esidonsa jogwe linye ngokwethembeka, siza abesifazana laba abasebenza nzima lami ngenxa yesisusa sevangeli, kanye loKlementi labanye abasebenza lami, abamabizo abo akhona encwadini yokuphila.

⁴ Thokozani eNkosini kokuphela. Ngiyatsho futhi ngithi: Thokozani!

⁵ Akuthi ukubekeka kwenu kubonakale kubo bonke. INkosi iseduze.

⁶ Lingakhathazeki ngalutho, kodwa ezintweni zonke, ngokukhuleka langokuncenga, ngokubonga, bekani izicelo zenu kuNkulunkulu. ⁷ Ukuthula kukaNkulunkulu okudlula ukuqedisisa konke, kuzalinda izinhliziyu zenu lezingqondo zenu kuKhristu uJesu.

⁸ Okokucina, bazalwane, konke okuliqiniso, konke okulesithunzi, konke okulungileyo, konke okuhlambulukileyo, konke okuhle, konke okubukekayo – uma ulutho luluhle kakhulu loba lubongeka – cabangani ngezinto ezinje. ⁹ Loba kuyini elikufundileyo loba elikwamukeleleyo loba elikuzwileyo kuvela kimi, loba elikubonileyo kimi – kwenzeni uNkulunkulu wokuthula uzakuba lani.

Ukubonga Izipho Zabo

¹⁰ Ngiyathokoza kakhulu eNkosini ngokuthi khathesi selize lavuselela ukungikhathalela kwenu. Impela kade likhathazeka, kodwa lingelalo ithuba lokukubonakalisa. ¹¹ Kangitsho lokhu ngenxa yokuthi ngiyaswela, ngoba sengafunda ukwaneliseka loba kuyisimo bani. ¹² Ngiyakwazi ukuba ukuswela

kuyini, njalo ngiyakwazi ukuba kuyini ukuba lokunengi.

Sengafunda imfihlo yokwaneliseka kuzo zonke izimo, langabe ngiyasutha loba ngilambile, loba ngilokunengi kumbe ngiswela. ¹³ Ngingazenza zonke izinto ngaye onginika amandla.

¹⁴ Kodwa kwakukuhle ukuba lihlanganyele lami ekuhluphekeni kwami. ¹⁵ Phezu kwalokho, lina maFiliphi, liyakwazi ukuba ezinsukwini elaqala ngazo ukwazi ivangeli, ekusukeni kwami eMakhedoniya, akukho lalinye ibandla elahlanganyela lami endabeni yokunika lokwamukela, ngaphandle kwenu kuphela; ¹⁶ ngoba lalapho ngiseThesalonika, langithumela usizo njalonjalo lapho ngangingoswelayo. ¹⁷ Akusikuthi ngifuna isipho, kodwa ngifuna okuzakuba yinzuzo kini. ¹⁸ Sengamukele umvuzo ogcweleyo lodlulisileyo; ngiphiwe okwaneleyo, njengoba khathesi sengamukele ku-Ephafroditu izipho elazithumelayo. Zingumnikelo wephunga elimnandi, umhlatshele owamukelekayo, othokozisa uNkulunkulu. ¹⁹ UNkulunkulu wami uzalinika konke elikuswelayo mayelana lenotho yakhe emangalisayo kuKhristu uJesu.

²⁰ Udumo kalube kuNkulunkulu uBaba kuze kube laphakade. Ameni.

Ukuvaelisa

²¹ Bingelelani bonke abangcwele abakuKhristu. Abazalwane abalami bayalibingelela. ²² Abangcwele bonke bayalibingelela, ikakhulu labo abangabendlu kaKhesari.

²³ Umusa weNkosi uJesu Khristu kawube lomoya wenu.

KWABASEKHOLOSE

1 UPhawuli, umphostoli kaKhristu
uJesu ngentando kaNkulunkulu,
loThimothi umzalwane wethu,

²Kubazalwane abangcwele
labathembekileyo kuKhristu
abaseKholose:

Umusa lokuthula okuvela
kuNkulunkulu uBaba kakube lani.

Ukubonga Lokukhuleka

³Simbonga kokuphela uNkulunkulu,
uYise weNkosi yethu uJesu Khristu, nxa
silikhulekela, ⁴ngoba sizwile
ngokukholwa kwenu kuKhristu uJesu
langothando elithanda ngalo abangcwele
bonke – ⁵Ukukholwa lothando okuvela
ethembeni eligcinelwe lina ezulwini,
eselezwa ngalo elizwini leqiniso,
ivangeli, ⁶eselifikile kini. Emhlabeni
wonke ivangeli leli lithela izithelo njalo
liyakhula, njengalokhu elibelikwenza
phakathi kwenu kusukela ngelanga
elalizwa ngalo lawuqedisisa umusa
kaNkulunkulu ngawo wonke amaqiniso
awo. ⁷Lalifundiswa ngu-Ephafrasi,
oyinceku kanye lathi ethandekayo,
ongumfundisi othembekileyo kaKhristu
emele thina, ⁸owasitshelayo njalo
ngothando lwenu kuMoya.

⁹Ngenxa yalokhu, kusukela mhla
sisizwa ngani, kasizange siyekele
ukulikhulekela sicela uNkulunkulu
ukuba aligcwalise ngokwazi intando
yakhe ngakho konke ukuhlakanipha
komoya kanye lokuqedisisa. ¹⁰Sikhuleka
ukuba liphile impilo efanele iNkosi
lokuba liyithokozise ngezindlela zonke:
lithele izithelo kuyo yonke imisebenzi
emihle, ukwazi kwenu uNkulunkulu

kukhule, ¹¹liqiniswa ngamandla wonke
mayelana lamandla akhe amangalisayo
ukuze libe lokubekezela kanye lesineke
esikhulu, kuthi njalo ngokuthokoza
¹²limbonge uYise owalenza lafanela
ukuhlanganyela elifeni labangcwele
embusweni wokukhanya. ¹³Ngoba
wasihlenga embusweni wobumnyama
wasiletha embusweni weNdodana yakhe
ayithandayo, ¹⁴okukuyo ukuhlengwa
kwethu, ukuthethelelwa kwezono.

Ukuphakama KukaKhristu

¹⁵Yona iyisifanekiso sikaNkulunkulu
ongabonakaliyo, izibulo

kukho konke okwadalwayo. ¹⁶Ngoba
izinto zonke zadalwa ngayo: izinto
ezisezulwini lezisemhlabeni,
ezibonakalayo lezingabonakaliyo, loba
kuyizihlalo zobukhosi kumbe amandla
loba ababusi kumbe abaphathi; izinto
zonke zadalwa ngayo zidalelwa yona.
¹⁷Yona iphambi kwezinto zonke, njalo
kuyo izinto zonke zibambene.

¹⁸Iyinhloko yomzimba, ibandla;
iyikuqala lezibulo elivela kwabafileyo
ukuze ibe lobukhosi ezintweni zonke.
¹⁹Ngoba uNkulunkulu wathokoza ukuba
ukuphelela kwakhe kube kuyo, ²⁰lokuthi
ngayo abuyisane lezinto zonke, loba
kuyizinto ezisemhlabeni kumbe izinto
ezisezulwini, ngokwenza ukuthula
ngegazi layo elachithwa
esiphambanweni.

²¹Lina lake laba ngabehlukane
loNkulunkulu liyizitha ezingqondweni
zenu ngenxa yokuziphatha kwenu okubi.

²²Kodwa khathesi uselibuyisile
ngomzimba kaKhristu uqobo lwawo
ngokufa ukuze alimise lingcwele
ebusweni bakhe, lingelasici njalo
limsulwa – ²³uma liqhubeka
ngokukholwa kwenu, ligxile njalo
liqinile, lingasuki ethembeni eliliphiwa
ngevangeli. Leli yilo ivangeli elalizwayo
eselitshunyayelwe kuzo zonke izidalwa

ngaphansi kwezulu, mina Phawuli
esengibe yinceku yalo.

Ukusebenzela Ibandla KukaPhawuli

²⁴Khathesi ngiyathokoza
ngokulihluphekela kwami, njalo
ngiyagcwalisa emzimbeni okulokhu
kusasilela mayelana lezinhlupheko
zikaKhristu, ngenxa yomzimba wakhe,
olibandla. ²⁵Sengaba yinceku yalo
ngomsebenzi uNkulunkulu anginika
wona ukuba ngililethele ilizwi
likaNkulunkulu liphelele – ²⁶imfihlakalo
ebifihlakele okweminyakanyaka kanye
lezizukulwane, kodwa khathesi isibekwe
obala kwabangcwele. ²⁷UNkulunkulu
wathanda ukubazisa phakathi
kwabezizweni inotho emangalisayo
yemfihlakalo le, enguKhristu phakathi
kwenu, ithemba lenkazimulo.

²⁸Sitshumayela yena, seluleke
sifundise labantu bonke ngenhlakanipho
yonke, ukuze abantu bonke sibalethe
kuKhristu bephelele. ²⁹Ngisebenza
nzima ukuba lokhu kufezeke, ngilwisa
ngawo wonke amandla asebenza ngawo
ngamandla angaka phakathi kwami.

2 Ngifuna ukuba likwazi ukuthi

ngilizamela kakhulu okunganani lina
labaseLawodikheya, kanye labo bonke
abangakangiboni mathupha. ²Injongo
yami yikuthi bakhuthazeke
ezinhliziyweni njalo bamanyane
ethandweni, ukuze babe lenotho
egcweleyo yokuqedisisa okupheleleyo,
ukuze bayazi imfihlakalo kaNkulunkulu,
okutsho uKhristu, ³okufihlwe kuye
yonke ingcebo yokuhlakanipha lokwazi.
⁴Ngilitshela lokhu ukuze kungabi khona
olikhohlisayo ngamazwi amnandi.
⁵Ngoba lanxa ngingekho kini
ngomzimba, ngikhona ngilani ngomoya

njalo ngithokoza ukubona ubunono benu
lokuqina kokholo lwenu kuKhristu.

*Ukukhululeka Emithethweni Yabantu
Ngokuphila LoKhristu*

⁶Ngakho-ke, njengoba uKhristu Jesu
lamamukela njengeNkosi, qhubekani
lihlala kuye, ⁷ligxile njalo lakhelwe
kuye, liqinile ekukholweni
njengokufundiswa kwenu, liphuphuma
ngokubonga.

⁸Qaphelani kungabi khona
olithumbayo ngenhlakanipho eyize
lekhohlisayo, eyeyame emdabukweni
wabantu lakuzimiso zemvelo yakulo
umhlaba kungesikho kuKhristu.

⁹Ngoba konke ukuphelela
kobuNkulunkulu kuhlezi kuKhristu
ngesimo somzimba, ¹⁰njalo lina lilakho
lokhukuphelela kuKhristu oyinhloko
yamandla wonke kanye lokubusa konke.
¹¹Lasokelwa kuye, ngokususwa
kwemvelo yenu yesono, kungayisikho
ngokusoka okwenziwa ngezandla
zabantu kodwa ngokusoka okwenziwa
nguKhristu, ¹²selimbelwe laye
ngobhaphathizo lavuswa kanye laye
ngokukholwa kwenu emandleni
kaNkulunkulu, owamvusayo
kwabafeyo.

¹³Lapho lalifile ezonweni zenu
lasekunasokanga kwemvelo yenu
yesono, uNkulunkulu walenza laba
ngabaphilayo kanye loKhristu.
Wasithethelela zonke izono zethu,
¹⁴eseyesule yonke imithetho
elotshiweyo, lezimiso zayo, eyayimelane
lathi njalo isivimbela; wayisusa,
wayibethela esiphambanweni. ¹⁵Kwathi
eselahlise imibuso lababusi izikhali,
wenza umbukiso oyinhlekisa ngabo,
wabanqoba ngesiphambano.

¹⁶Ngakho lingavumeli umuntu
elahlulela ngalokho elikudlayo loba
elikhunathayo, loba ngokuphathelane

lomkhosi wokholo, ukuthokozela ukuthwasa kwenyanga loba usuku lweSabatha. ¹⁷Lezizinto ziyisithunzi nje sezinto ezazizakuza; kodwa ubuqotho bufunyanwa kuKhristu. ¹⁸Lingavumeli muntu othokoziswa yikuzithoba kwamanga lokukhonza izingilosi eliphuthisa umvuzo wenu. Umuntu onjalo ubalisa ngokupheleleyo konke akubonileyo, kuthi ingqondo yakhe engayisiyoyomoya imkhukhumeze ngemicabango eyize. ¹⁹Uselahlekelwe yiNhloko, lapho umzimba wonke, usekelwe waxhunyelelwa ndawonye yimisipha lezinsinga, okhula khona ukhuliswa nguNkulunkulu.

²⁰Njengoba lafa loKhristu ezimisweni zalo umhlaba eziyisisusa, kungani, ngokungathi lilokhu lingabawo, lizibeka ngaphansi kwemithetho yawo yokuthi: ²¹“Ungabambi! Unganambithi! Ungathinti!”? ²²Konke lokhu kumiselwe ukuqedwa yikusetshenziswa, ngoba kweyame phezu kwemilayo yabantu lemfundiso yabo. ²³Impela izimiso ezinje zibonakala njengenhlanipho, ngenkonzo yazo yokuzenzela, ukuzithoba kwamanga lokuphatha umzimba kabuhlungu, kodwa kazilalo usizo lokuzithiba ezinkanukweni zomzimba.

Imilayo Yokuphila Okungcwele

3 Ngakho-ke, njengoba livuswe kanye loKhristu, bekani izinhliziyu zenu ezintweni eziphezulu, lapho uKhristu ahlezi khona esandleni sokunene sikaNkulunkulu. ²Bekani izingqondo zenu ezintweni eziphezulu, hatshi ezintweni zasemhlabeni. ³Ngoba lafa, ukuphila kwenu khathesi kufihlwe loKhristu kuNkulunkulu. ⁴Lapho uKhristu, oyikuphila kwenu, ebonakala,

lani futhi lizabonakala laye enkazimulweni.

⁵Ngakho kubulaleni konke okungokwemvelo yenu yasemhlabeni: ukuxhwala kobufebe, ukungcola, inkanuko, izifiso ezimbi kanye lobuhwaba, okuyikukhonza izithombe. ⁶Ngenxa yalezizinto ulaka lukaNkulunkulu luyeza. ⁷Lalijwayele ukuhamba kulezizindlela, empilweni elake layiphila. ⁸Kodwa khathesi zilahlani zonke izinto ezinjengalezi: ulaka, ukuthukuthela, inzondo, ukunyeya lenkulumo ebolileyo. ⁹Lingaqambelani amanga, njengoba selihlubule uqobo lwenu oludala lezenzo zalo ¹⁰lembatha uqobo lwenu olutsha olwenziwa lube lutsha ekwazini ngesifanekiso sikaMdali walo. ¹¹Lapho akukho mGriki loba umJuda, osokileyo loba ongasokanga, iqaba, umSikhethiya, isigqili loba okhululekileyo, kodwa uKhristu uyikho konke, njalo ukubo bonke.

¹²Ngakho, njengabantu bakaNkulunkulu abakhethiweyo, abangcwele labathandwa kakhulu, zembeseni ngesihawu, umusa, ukuzithoba, ubumnene kanye lokubekezela. ¹³Bekezelelanani, lithethelelane loba kuyinsolo bani omunye angaba layo ngomunye. Thethelelani njengoba iNkosi yalithethelela. ¹⁴Phezu kwakho konke lokhu ukulunga yembathani uthando, olukubophela ndawonye kube yikumanyana okupheleleyo.

¹⁵Ukuthula kukaKhristu kakubuse ezinhliziyweni zenu, ngoba, njengezitho zomzimba munye, labizelwa ukuthula. Bongani. ¹⁶Ilizwi likaKhristu kalihlale phakathi kwenu ngokupheleleyo lapho lifundisana njalo liselulekana ngokuhlakanipha konke, lalapho lihlabela amahubo, lamaculo kanye lezingoma zokomoya ngokubonga uNkulunkulu ezinhliziyweni zenu.

¹⁷Langabe kuyini elikwenzayo, ngelizwi loba ngesenzo, konke kwenzeni ngebizo leNkosi uJesu, libonge uNkulunkulu uYise ngaye.

Imilayo Yasemizini YamaKhristu

¹⁸Bafazi, zehliseleni phansi kwamadoda enu, njengokufanele iNkosi.

¹⁹Madoda, thandani omkenu lingabi lesihluku kubo.

²⁰Bantwana, lalelani abazali benu ezintweni zonke, ngoba lokhu kuyayithokozisa iNkosi.

²¹Boyise, lingabathukuthelisi abantwana benu, hlezi badumazeke.

²²Zigqili, lalelani amakhosi enu, omhlaba ezintweni zonke; likwenze, hatshi kuphela ngokuba elikhangele loba ukuthi alithande, kodwa ngobuqotho bezinhliziyi langokuhlonipha iNkosi.

²³Langabe kuyini elikwenzayo kusebenzeni ngenhliziyi yenu yonke, njengokusebenzela iNkosi, hatshi abantu, ²⁴njengoba lisazi ukuthi lizathola ilifa eNkosini njengomvuzo. YiNkosi uKhristu elimkhonzayo. ²⁵Loba ngubani owenza okubi uzaphindiselwa ububi bakhe, njalo akukho bandlululo.

4 Makhosi, nikani izigqili zenu okulungileyo lokufaneleyo, ngoba liyakwazi ukuthi lani lileNkosi ezulwini.

Ezinye Iziqondiso

²Zinikeleni ekukhulekeni, liqaphele njalo libonga. ³Lisikhulekele lathi futhi, ukuba uNkulunkulu avulele ilizwi lethu umnyango, ukuze sitshumayele imfihlakalo kaKhristu, engayibotshelwayo. ⁴Khulekelani ukuba ngiyitshumayele ngokucaca okufanele ngikwenze. ⁵Hlakaniphani kulokho elikwenzayo kwabangaphandle;

sebenzisani amathuba wonke ngokugcweleyo. ⁶Ingxoxo yenu kayihlale igcwele umusa, ifakwe itshwayi, ukuze likwazi ukuphendula umuntu wonke.

Ukuvalelisa

⁷UThikhikhu uzalitshela izindaba zonke ngami. Ungumzalwane othandekayo, umfundisi othembekileyo lenceku kanye lami eNkosini.

⁸Ngimthuma kini ngenjongo enxwanelweyo ukuba lazi ngomumo wethu lokuze sikhuthaze izinhliziyi zenu. ⁹Uza lo-Onesimu, umzalwane wethu othembekileyo lothandekayo, ongomunye wenu. Bazalitshela konke okwenzakala lapha.

¹⁰U-Aristakho engibotshwe laye uyalibingelela, loMakho umzawakhe kaBhanaba. (Selamukela iziqondiso ngaye; angeza kini, limamakule.)

¹¹UJesu, othiwa nguJustu, laye uyalibingelela. Laba yibo kuphela abangamaJuda kulabo engisebenzela umbuso kaNkulunkulu labo, njalo sebonakalise ukuthi bayinduduzo kimi. ¹²U-Ephafra, ongomunye wenu lenceku kaKhristu uJesu, uyalibingelela. Uhlezi elikhulekela kakhulu, ukuba liqine kuyo yonke intando kaNkulunkulu, liphelele njalo lithembile.

¹³Ngiyamfakazela ukuthi uyalisebenzela kakhulu lina kanye lalabo abaseLawodikheya labeHiyerapholisi.

¹⁴Umngane wethu othandekayo uLukha, udokotela, loDemasi bayalibingelela.

¹⁵Ngibingelelelani abazalwane abaseLawodikheya, loNimfa kanye lebandla endlini yakhe.

¹⁶Emva kokuba incwadi le seliyifundelwe, bonani ukuthi iyafundwa lasebandleni laseLawodikheya lokuthi lani libale incwadi evela eLawodikheya.

¹⁷Tshelani u-Akhiphusi lithi: “Bona ukuba uyawuqeda umsebenzi

owamukele eNkosini.”¹⁸ Mina, Phawuli,
ngiloba ukuvalelisa lokhu ngesami
isandla. Khumbulani izibopho zami.
Umusa kawube lani.

1 KwabaseThesalonika

1 UPhawuli, loSila kanye loThimothi,

Ebandleni lamaThesalonika
akuNkulunkulu uBaba laseNkosini uJesu
Khristu:

Umusa lokuthula kakube kini.

Ukubongela ukholo lwamaThesalonika

² Sihlala silibongela lonke
kuNkulunkulu, siliqamba
emikhulekweni yethu.

³ Siyawukhumbula kokuphela phambi
kukaNkulunkulu wethu uBaba
umsebenzi wenu ongenxa yokukholwa,
lokusebenza kwenu okufuqwa luthando,
kanye lokubekezela kwenu
okufunzelelwa yikuthemba eNkosini
uJesu Khristu.

⁴ Bazalwane abathandwa
nguNkulunkulu, siyakwazi ukuthi
ulikhethile, ⁵ ngoba ivangeli lethu lafika
kini hatshi ngamazwi nje kuphela,
kodwa langamandla, loMoya oNgcwele
kanye lokukholwa okujulileyo.
Liyakwazi ukuba sahlala njani phakathi
kwenu ngenxa yenu. ⁶ Lina laba
ngabasilingisayo thina kanye leNkosi;
langaphandle kokuhlupheka okukhulu,
ilizwi lalamukela ngokuthokoza okuvela
kuMoya oNgcwele. ⁷ Ngakho laba
yisibonelo kuwo wonke amakholwa
eMakhedoniya kanye le-Akhayiya.

⁸ Ilizwi leNkosi lezwakala livela kini
hatshi eMakhedoniya kuphela
lase-Akhayiya – ukukholwa kwenu
kuNkulunkulu sekusaziwa ezindaweni
zonke. Ngakho akusweleki ukuba sitsho
ulutho ngakho, ⁹ ngoba bona ngokwabo
bayabika ukuthi lasamukela njani.
Bayatsho ngokuphendukela kwenu
kuNkulunkulu lihlabuka ezithombeni
ukuba likhonze uNkulunkulu ophilayo

loqotho, ¹⁰ lilindele leNdodana yakhe
evela ezulwini, ayivusayo kwabafuleyo –
uJesu, osihlengayo elakeni oluzayo.

Inkonzo kaPhawuli kwabaseThesalonika

2 Liyakwazi bazalwane ukuthi ukuza
kwethu kini akubanga liphutha.

² Sasihluphekile ngaphambili njalo
sithukiwe eFiliphi, njengoba lisazi,
kodwa ngosizo lukaNkulunkulu wethu
saba lesibindi sokulitshela ivangeli lakhe
lanxa nje kwakulobunzima obukhulu.

³ Ngoba isicelo esisenzayo kasiveli
ekuphosiseni loba enjongweni
engcolileyo, njalo kasizami kulikhohlisa.

⁴ Kodwa sikhuluma njengabantu
abavunywe nguNkulunkulu ukuba
siphathiswe ivangeli. Kasizami
kuthokozisa abantu kodwa uNkulunkulu,
yena ohlola izinhliziyi zethu.

⁵ Liyakwazi ukuthi kasizange
sisebenzise inkohliso, kumbe sifake
isisitho ukuba sifihle ubuhwaba –
uNkulunkulu ungufakazi wethu.

⁶ Kasifuni kubatshazwa okuvela
ebantwini, loba kini kumbe omunye
laye.

⁷ Njengabaphostoli bakaKhristu
sasingaba ngumthwalo kini, kodwa saba
mnene kini njengomama esondla
abantwana bakhe abancinyane.

⁸ Salithanda kakhulu sathokoza
ukuhlanganyela lani kungayisikho
evangelini likaNkulunkulu kuphela
kodwa lasekuphileni kwethu, ngoba lina
laselithandeka kakhulu kithi. ⁹ Impela
liyakhumbula, bazalwane, ukusebenza
kwethu nzima lokuhlupheka; sasebenza
ebusuku lemini ukuze singabi
ngumthwalo lakubani lapho
sitshumayela ivangeli likaNkulunkulu
kini.

¹⁰ Lingofakazi, kanye loNkulunkulu,
bokuthi sasingcwele, silungile njalo

singasoleki phakathi kwenu lina elalikholwa. ¹¹Ngoba liyakwazi ukuthi ngamunye wenu saliphatha njengoyise ephatha abantwana bakhe, ¹²siliqinisa, siliduduza kanye lokulikhuthaza ukuba liphile izimpilo ezifanele uNkulunkulu, olibizela embusweni wakhe lasenkazimulweni.

¹³Njalo uNkulunkulu siyambonga kokuphela ngoba, ekwamukeleni kwenu ilizwi likaNkulunkulu, elalizwa ngathi, lalamukela hatshi njengelizwi labantu, kodwa njengoba linjalo impela, ilizwi likaNkulunkulu, elisebenzayo kini lina abakhohwayo. ¹⁴Ngoba lina, bazalwane, laba ngabalingisi bamabandla kaNkulunkulu eJudiya, akuKhristu uJesu; abantu belizwe lakini balihluphela izinto zinye amabandla lawo azihlutshelwa ngamaJuda, ¹⁵abulala iNkosi uJesu labaphrofethi, thina asixotsha. Ayamcunula uNkulunkulu njalo ayizitha zabantu bonke

¹⁶ekuzameni kwawo ukusalela ukukhuluma labezizweni ukuba basindiswe. Ngalokho bandisa izono zabo kakhulu. Ulaka lukaNkulunkulu seluze lwehlela phezu kwabo.

UPhawuli ulangatha ukubona amaThesalonika

¹⁷Kodwa-ke, bazalwane, ekuhlutshulweni kwethu kini okwesikhatshana (uqobo lwethu, hatshi umcabango), kwathi ngokulangatha okukhulu senza imizamo yonke ukuba silibone. ¹⁸Ngoba sasifuna ukuza kini –

impela mina Phawuli, ngazama kanengi, kodwa uSathane wasivimbela. ¹⁹Ngoba liyini ithemba lethu, intokozo yethu, loba umqhele esizazincoma ngawo phambi kweNkosi yethu uJesu Khristu ekufikeni kwakhe na? Akusini na?

²⁰Ngempela lina liludumo lwethu lentokozo yethu.

3 Ngakho kwathi singasanelisi

ukukumela, sabona kungcono ukuba sisale sodwa e-Athene. ²Sathuma uThimothi, ongumzalwane wethu lesisebenzi kanye lathi kuNkulunkulu ekutshumayeleni ivangeli likaKhristu, ukuliqinisa lokulikhuthaza ekukholweni kwenu, ³ukuze angabi khona ongayikuhlaliseka ngenxa yalezizilingo. Liyakwazi kakuhle ukuthi samiselwa zona. ⁴Ngeqiniso, siseselani, sasihlala silitshela ukuthi sizahlukuluzwa. Kwaba njalo njengoba lisazi kakuhle. ⁵Ngenxa yalokhu, kwathi ngingasanelisi ukukumela, ngathumela ukuba ngazi ngokholo lwenu. Ngangisesaba ukuthi engxenye umlingi uselilingile lemizamo yethu kayisizanga.

Umbiko kaThimothi okhuthazayo

⁶Kodwa uThimothi usanda kufika kithi khathesi evela kini njalo ulethe izindaba ezinhle ngokholo lwenu kanye lothando lwenu. Usitshela ukuthi lihlala lilemikhumbulo emihle ngathi kanye lokuthi lifisa ukusibona njengoba lathi sifisa ukulibona. ⁷Ngakho, bazalwane, kulo lonke usizi lwethu kanye lokuhlukuluzwa kwethu, sakhuthazeka ngani ngenxa yokukholwa kwenu.

⁸Ngoba khathesi sesiphila impela, njengoba liqinile eNkosini.

⁹Singalibongela njani ngokwaneleyo kuNkulunkulu sisenana yonke intokozo esilayo phambi kukaNkulunkulu wethu ngenxa yenu? ¹⁰Ebusuku lemini siyakhuleka ngokuzimisela ukuba silibone futhi silinike okusilelayo ekukholweni kwenu.

¹¹ Sengathi uNkulunkulu wethu loBaba uqobo kanye leNkosi yethu uJesu angasivulela indlela yokuza kini.

¹² Sengathi iNkosi ingandisa uthando lwenu kuthi olomunye lomunye luphumelele komunye kanye lakumuntu wonke, njengokwenziwa ngolwethu kini.

¹³ Kayilinke amandla angaphakathi ukuze lingasoleki njalo libe ngcwele phambi kukaNkulunkulu wethu loBaba ekufikeni kweNkosi yethu uJesu labangcwele bayo bonke.

Ukuphilela ukuthokozisa uNkulunkulu

4 Okokucina, bazalwane, salifundisa ukuba liphile njani ukuze limthokozise uNkulunkulu, njengoba impela liyaphila. Siyalicela njalo silincenga ukuba ngeNkosi uJesu ukuthi lokhu likwenze njalo njalo. ² Liyayazi imilayo esalinika yona ngokulaya kweNkosi uJesu.

³ Kuyintando kaNkulunkulu ukuba libe ngcwele: ukuba lixwaye ukuxhwala kobufebe; ⁴ ukuba omunye lomunye wenu kumele afunde ukuthiba umzimba wakhe ngendlela engcwele lehloniphekayo, ⁵ hatshi ngomfutho wenkanuko njengabangakhokwayo, abangamaziyo uNkulunkulu; ⁶ lokuthi kule indaba kakho omele onele umzalwane wakhe, kumbe amzuzele khonapho ekuthini ngumzalwane. INkosi abantu izabajezisela zonke izono ezinje, njengoba sesavela salitshela njalo salixwayisa. ⁷ Ngoba uNkulunkulu kasibizelanga ukuba sibe ngabangcolileyo, kodwa ukuba siphile impilo engcwele. ⁸ Ngakho-ke lowo owalayo umlayo lo kalimuntu kodwa uNkulunkulu, yena olinika uMoya wakhe oNgcwele.

⁹ Mayelana lothando olobuzalwane akusweleki ukuba sililobebe, ngoba lina uqobo lafundiswa nguNkulunkulu ukuba

lithandane. ¹⁰ Njalo ngempela, liyabathanda abazalwane bonke kulo lonke elaseMakhedoniya. Kodwa siyalincenga, bazalwane, ukuthi lenzenjalo njalonjalo.

¹¹ Akube yisifiso senu ukuphila impilo yokuthula, lokukhathalela umsebenzi wenu kanye lokusebenza ngezandla zenu, njengoba salitshela, ¹² ukuze ukuphila kwenu kwansuku zonke kubukwe ngabangaphandle lokuze lingathembeli komunye umuntu.

Ukuza kweNkosi

¹³ Bazalwane, kasifuni ukuba lingabi ngabangaziyo ngalabo abalalayo loba lidabuke njengabanye abantu, abangelalo ithemba. ¹⁴ Siyakholwa ukuthi uJesu wafa wabuya wavuka njalo ngalokho siyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzabavusa kanye loJesu labo asebelele kuye. ¹⁵ Ngoba mayelana lelizwi leNkosi, siyalitshela ukuthi thina esisaphilayo, esatshiywayo iNkosi ize ifike, kasiyikubandulela impela labo asebelele. ¹⁶ Ngoba iNkosi uqobo izakwehla ivela ezulwini, ngelizwi elikhulu, ngelizwi lengilosi enkulu langokumemeza kwecilongo likaNkulunkulu, kuthi abafuleyo kuKhristu bavuke kuqala. ¹⁷ Emva kwalokho, thina esisaphilayo njalo sitshiyiwe sizahlwithwa kanye labo emayezini ukuba sihlangebeze iNkosi emoyeni. Ngakho sizahlala leNkosi kuze kube nininini. ¹⁸ Ngakho-ke khuthazanani ngala amazwi.

5 Bazalwane, mayelana lezikhathi lezinsuku akusweleki ukuba sililobebe, ² ngoba likwazi kuhle ukuthi usuku lweNkosi luzafika njengesela ebusuku. ³ Abantu besathi, "Ukuthula lokuvikeleka," incithakalo izakwehlela phezu kwabo ngokujuma njengomhelo

kowesifazana ozithweleyo, njalo kabayikuphunyuka.

⁴Kodwa lina, bazalwane, kalikho emnyameni ukuba usuku lolu lulijume njengesela. ⁵Lonke lingamadodana okukhanya lamadodana emini. Kasisibo bobusuku loba abobumnyama. ⁶Ngakho kasingafani labanye abaleleyo, kodwa kasiphaphameni njalo sizithibe. ⁷Ngoba labo abalalayo, balala ebusuku, lalabo abadakwayo badakwa ebusuku. ⁸Kodwa njengoba singabemini, kasizithibeni, sembathe ukukholwa lothando njengesihlangu sesifuba, lethemba lokusindiswa njengengowane. ⁹Ngoba uNkulunkulu kasimiselanga ulaka kodwa ukuba sithole ukusindiswa ngeNkosi yethu uJesu Khristu.

¹⁰Wasifela ukuze, loba sikhangele kumbe silele, sihlale laye. ¹¹Ngakho qinisanani njalo lakhane, njengoba impela likwenza.

Iziqondiso zokucina

¹²Siyalicela, bazalwane, ukuba libahloniphe labo abasebenza nzima phakathi kwenu, abangaphezu kwenu eNkosini abalilayayo futhi.

¹³Bahlonipheni kakhulu ngothando ngenxa yomsebenzi wabo. Hlalianani ngokuthula. ¹⁴Njalo siyalincenga, bazalwane, baxwayiseni labo abangamavila liqinise abalovalu, lize ababuthakathaka, libekezelele umuntu wonke. ¹⁵Qaphelani kungabi khona ophindisela okubi ngokubi, kodwa lihlale lizama ukuba lomusa omunye komunye kanye lakwabanye abantu.

¹⁶Thokozani kokuphela; ¹⁷khulekani kokuphela; ¹⁸bongani kukho konke, ngoba lokhu kuyintando kaNkulunkulu ngani kuKhristu uJesu. ¹⁹Lingawucitshi umlilo kaMoya; ²⁰lingazeyisi iziphrofetho. ²¹Hlolani izinto zonke.

Bambelelani kokulungileyo. ²²Xwayani konke

²³Sengathi uNkulunkulu uqobo, uNkulunkulu wokuthula, angalingcwelisa ngokupheleleyo. Sengathi umoya wenu wonke, lomphfumulo kanye lomzimba kungalondolozwa kungelasici ekufikeni kweNkosi yethu uJesu Khristu. ²⁴Lowo olibizayo uthembekile njalo uzakukwenza lokho.

²⁵Bazalwane, sikhulekeleni.

²⁶Bingelelani abazalwane bonke ngokwangana okungewe.

²⁷Ngiyalilaya phambi kweNkosi ukuba incwadi le ibalelwe abazalwane bonke.

²⁸Umusa weNkosi yethu uJesu Khristu kawube lani.

2 KwabaseThesalonika

1 UPhawuli, loSila kanye loThimothi,

Ebandleni lamaThesalonika, akuNkulunkulu uBaba laseNkosini uJesu Khristu:

² Umusa lokuthula okuvela kuNkulunkulu uBaba laseNkosini uJesu Khristu kakube kini.

Ukubonga lokukhuleka

³ Kumele sibonge uNkulunkulu kokuphela ngenxa yenu, bazalwane, njengoba kufanele, ngoba ukukholwa kwenu kuyakhula njalonjalo, lothando elilalo omunye lomunye wenu alalo kwabanye luyanda. ⁴ Ngakho-ke, phakathi kwamabandla kaNkulunkulu thina siyazincoma ngokuqiniseka kwenu lokukholwa phakathi kwakho konke lokhukhulukuzwa kanye lokuhlupheka elikubekezelelayo.

⁵ Konke lokhu kuyibufakazi bokuthi ukwahlulela kukaNkulunkulu kulungile, ngakho-ke lizabalwa njengabafanele umbuso kaNkulunkulu, eliwuhluphekelayo. ⁶ UNkulunkulu ulungile: Uzaphindisela izinhlupho kulabo abalhluphayo ⁷ alinike, kanye lathi, ukuhlaliseka lina elihlutshwayo. Lokhu kuzakwenzakala lapho iNkosi uJesu isibonakaliswa ezulwini phakathi komlilo ovuthayo ilezingilosi zayo ezilamandla. ⁸ Izabajezisa labo abangamaziyo uNkulunkulu njalo bengalilaleli ivangeli leNkosi yethu uJesu. ⁹ Bazajeziswa ngokubhujiswa okulaphakade bavalelwe ngaphandle kobukhona beNkosi lasenkazimulweni yamandla ayo ¹⁰ ngosuku ezafika ngalo ukuba idunyiswe ngabantu bayo abangeweke lokuba ibatshazwe phakathi kwabo bonke abakholwayo. Lokhu

kugoqela lani, ngoba labukholwa ubufakazi bethu kini.

¹¹ Nxa sikhumbula lokhu, sihlala silikhulekela kokuphela, ukuba uNkulunkulu wethu alibale njengabafaneleyo ukubizwa nguye, njalo kuthi ngamandla akhe afeze injongo yenu elungileyo lakho konke ukwenza kwenu okubangelwa yikukholwa kwenu. ¹² Sikhulekela lokhu ukuze ibizo leNkosi yethu uJesu lidunyiswe kini, lani kuyo, mayelana lomusa kaNkulunkulu wethu loweNkosi uJesu Khristu.

Umuntu Ongelamthetho

2 Mayelana lokuza kweNkosi yethu uJesu Khristu, lokubuthana kwethu kuyo, siyalicela, bazalwane, ² ukuba lingaphangi likhathazeke kumbe lethuswe ngobunye ubuphrofethi, umbiko loba incwadi okungathi ivela kithi, kuthiwa usuku lweNkosi selufikile. ³ Lingavumeli muntu elikhohlisa langayiphi indlela, ngoba lolosuku kaluyikufika umvukela uze wenzakale lomuntu ongelamthetho abonakaliswe, umuntu omiselwe ukubhujiswa. ⁴ Uzaphikisa azikhukhumeze ezintweni zonke ezithiwa Nkulunkulu loba ezikhonzwayo, aze azihlalise ethempelini likaNkulunkulu, amemezele ukuthi yena unguNkulunkulu.

⁵ Kalisakhumbuli yini ukuthi ngisekini ngangijwayele ukulitshela izinto lezi? ⁶ Khathesi selikwazi okumvimbelayo, ukuze abonakaliswe ngesikhathi esifaneleyo. ⁷ Ngoba amandla afihlakeleyo okungabi lamthetho asesebenza; kodwa lowo owavimbelayo khathesi uzaqhubeka esenza njalo aze asuswe endleleni. ⁸ Lapho-ke lowo ongelamthetho uzabonakaliswa, lowo iNkosi uJesu ezamchitha ngomoya womlomo wayo imqede ngenkazimulo yokufika kwayo. ⁹ Ukufika kwalowo

ongelamthetho kuza kuya mayelana lomsebenzi kaSathane obonakaliswa kuzo zonke izinhlobo zezimangaliso zamanga, izibonakaliswa kanye lezimanga, ¹⁰ kanye lezinhlalo zonke zobubi obukhohlisa ababhubhayo. Bayabhubha ngoba bala ukuthanda iqiniso ukuba basindiswe. ¹¹ Ngenxa yalokhu uNkulunkulu ubehlisela inkohliso elamandla ukuze bakholwe amanga, ¹² ukuze balahlwe bonke abangalikhohlwanga iqiniso kodwa bathokoziswa yibubi.

Qinani

¹³ Kodwa kufanele sibonge uNkulunkulu kokuphela ngenxa yenu, bazalwane abathandwa yiNkosi, ngoba uNkulunkulu walikhetha kusukela ekuqaleni ukuba lisindiswe ngomsebenzi ongcwelisayo kaMoya langokukholwa eqinisweni. ¹⁴ Walibizela kulokhu ngevangelile lethu, ukuze lihlanganyele enkazimulweni yeNkosi yethu uJesu Khristu. ¹⁵ Ngakho-ke, bazalwane, qinani libambelele ezimfundisweni esalinika zona, langabe ngelizwi lomlomo loba ngencwadi.

¹⁶ Sengathi iNkosi yethu uJesu Khristu uqobo kanye loNkulunkulu uBaba, owasithandayo kwathi ngomusa wakhe wasinika isikhuthazo esingapheliyo lethemba elihle, ¹⁷ angalikhuthaza aliqinise kuzo zonke izenzo ezinhle lasemazwini amahle.

Ukucela umkhuleko

3 Okokucina, bazalwane, sikhulekeleni ukuba ilizwi leNkosi lingaqhubeka ngokuphangisa njalo lidunyiswe, njengalokhu okwakunjalo kini.

² Khulekani njalo ukuba sikhululwe ebantwini abaxhwalileyo lababi, ngoba akusimuntu wonke okholwayo. ³ Kodwa iNkosi ithembekile, izaliqinisa ilivikele

komubi. ⁴ Silethemba eNkosini ukuba lenza izinto esalilaya zona njalo lizaqhubeka lizenza. ⁵ Sengathi iNkosi ingaqondisa izinhliziyu zenu ethandweni lukaNkulunkulu lasekubekazeleni kukaKhristu.

Isixwayiso ngokuvilapha

⁶ Ebizweni leNkosi uJesu Khristu, siyalilaya bazalwane ukuba libaxwaye bonke abazalwane abangamavila abangaphili ngokwemfundiso elayamukelayo kithi. ⁷ Ngoba lina ngokwenu liyakwazi ukuba kufanele lisilandele njani isibonelo sethu. Lapho sasilani sasingavilaphi, ⁸ njalo kasidlanga kudla komuntu singakubhadalelanga. Kodwa sasebenza ebusuku lemini, sisebenza nzima njalo sitshikatshika ukuze singabi ngumthwalo lakubani wenu. ⁹ Lokhu sakwenza kungayisikho ukuthi kasilalungelo losizo olunjalo, kodwa ukuba sizenze sibe yisibonelo kini ukuba lisilandele.

¹⁰ Ngoba lalapho sasilinika umlayo lo: "Uma umuntu engafuni ukusebenza, kangadli."

¹¹ Sizwa kuthiwa abanye phakathi kwenu bayavilapha. Kabenzi lutho, banganela izindaba zabanye. ¹² Ebizweni leNkosi uJesu Khristu, siyabalaya njalo sibakhuthaza abantu abanjalo ukuba bazimisele basebenzele ukudla abakudlayo. ¹³ Lina, bazalwane, lingadinwa yikwenza okuqondileyo.

¹⁴ Uma loba ngubani ongalaleli imilayo yethu ekule incwadi, mnanzeleleni. Lingajwayelani laye, ukuze ezwe eyangeka. ¹⁵ Kodwa lingamthathi njengesitha, kodwa limxwayise njengomzalwane.

Ukuvalelisa

¹⁶ Sengathi iNkosi yokuthula uqobo ingalinika ukuthula ngezikhathi zonke

njalo ngezindlela zonke. INkosi kayibe lani lonke.

¹⁷ Mina Phawuli ngiloba ukuvalelisa lokhu ngesami isandla, okuyilo uphawu oluphawulayo kuzo zonke izincwadi zami. Ngiloba kanje.

¹⁸ Umusa weNkosi yethu uJesu Khristu kawube lani.

1 KUTHIMOTHI

1 UPhawuli, umphostoli kaKhristu

uJesu ngomlayo kaNkulunkulu
uMsindisi wethu lokaKhristu uJesu
ithemba lethu,

² KuThimothi indodana yami eqotho
ekukholweni:

Umusa, lesihawu kanye lokuthula
okuvela kuNkulunkulu uBaba
lakuKhristu uJesu iNkosi yethu kakube
kuwe.

Isixwayiso ngabafundisi bomthetho abamanga

³ Njengoba ngakukhuthaza ekuyeni
kwami eMakhedoniya, hlala khonapho
e-Efesu ukuze ulaye abantu abathile
ukuba bangafundisi imfundiso yamanga
futhi ⁴ loba ukuchitha isikhathi
ngezinganekwane langezinsendo
ezingapheliyo. Lokhu kubanga
ukuphikisana hatshi umsebenzi
kaNkulunkulu – ongokukholwa.

⁵ Inhloso yalo umlayo luthando oluvela
enhliziyweni emhlophe, lesazela esihle
lokholo oluqotho. ⁶ Abanye sebedukile
kulokhu baphendukela ekukhulumeni
okuyize. ⁷ Bafuna ukuba ngabafundisi
bomthetho, kodwa kabakwazi
abakhuluma ngakho loba lokhu
abakuqinisa kangaka ngesibindi.

⁸ Siyakwazi ukuthi umthetho ulungile
uma umuntu ewusebenzisa kuhle.

⁹ Siyakwazi lokuthi umthetho
kawenzelwanga abantu abalungileyo,
kodwa wenzelwa abeqa imithetho
labahlamuki, abangamaziyo
uNkulunkulu labayizoni, abangencwele
labangakholwayo; wenzelwa ababulala
oyise labonina, lababulali, ¹⁰ lezifebe,
kanye lezixhwali, abathengisa izigqili
labaqamba amanga kanye labafungela
amanga – kanye lokunye okuphambene

lemfundiso eqotho ¹¹ evumelana
levangeli elilenkazimulo kaNkulunkulu
obusisekileyo, angiphathisa lona.

Umusa weNkosi kuPhawuli

¹² Ngiyambonga uKhristu uJesu iNkosi
yethu, onginike amandla, wangibona
ngithembekile, wangibeka emsebenzini
wakhe. ¹³ Lanxa ngake ngaba
ngumhlambazi lomhlukuluzi
lesidlwangudlwangu, ngenzelwa isihawu
ngoba ngangenze ngokungazi
langokungakholwa. ¹⁴ Umusa weNkosi
wathululelwa phezu kwami ngokwanda
okukhulu, ndawonye lokukholwa kanye
lothando okukuKhristu uJesu.

¹⁵ Nansi isitsho esiqotho esifanele
ukwamukelwa esithi: UKhristu uJesu
weza emhlabeni ukuba asindise izoni –
mina ngingesibi kakhulu sazo. ¹⁶ Kodwa
ngenxa yasonalesi isizatho ngenzelwa
isihawu, ukuze kuthi ngami, isoni esibi
kakhulu, uKhristu abonakalise
ukubekezela kwakhe okungelamkhawulo
njengesibonelo kulabo abakholwa kuye
bamukele lokuphila okungapheliyo.

¹⁷ Manje, kuyo iNkosi yaphakade,
engafiyo, engabonakaliyo, uNkulunkulu
yedwa, akube kuye udumo lenkazimulo
kuze kube nini lanini. Amen.

¹⁸ Thimothi, ndodana yami, ngikunika
umlayo lo mayelana leziphrofetho ezake
zenziwa ngawe, ukuze kuthi
ngokuzilandela ungalwa ukulwa okuhle,
¹⁹ ubambebele ekukholweni lesazela
esihle. Abanye bakwalile lokhu ngakho
babbidliza ukukholwa kwabo.

²⁰ Phakathi kwabo kuloHimenayo
lo-Elekizanda, esengibanikele kuSathane
ukuba bafundiswe ukungahlambazi
uNkulunkulu.

Imilayo ngokukhonza

2 Ngakho-ke kuqala, ngiyakhuthaza ukuba izicelo, lemikhuleko, lokuthandazela abanye, kanye lokubonga kwenzelwe abantu bonke – ² amakhosi labo bonke abaphethe amandla, ukuze sihlale ngokuthula empilweni enhle kukho konke ukumesaba uNkulunkulu lobungcwele. ³ Lokhu kuhle, njalo kuyamthokozisa uNkulunkulu uMsindisi wethu, ⁴ ofuna ukuba abantu bonke basindiswe njalo balazi iqiniso. ⁵ Ngoba uNkulunkulu munye, lommeli munye phakathi kukaNkulunkulu labantu, umuntu uKhristu uJesu, ⁶ owazinikelayo njengenhlawulo yabantu bonke – ubufakazi obanikwa ngesikhathi sabo esifaneleyo. ⁷ Ngenxa yalokhu mina ngakhethelwa ukuba ngumanduleli lomphostoli – ngikhuluma iqiniso, kangiqambi manga – lomfundisi wokholo oluqotho kwabezizweni. ⁸ Ngifuna amadoda ezindaweni zonke aphakamise izandla ezingcwele ekhuleka, kungelakuthukuthela kumbe ukuphikisana. ⁹ Ngifuna ukuba abesifazana bagqoke ngokuchumileyo, ngokuhle lokufaneleyo, kungabi ngezinwele ezelukiweyo loba igolide loba amangqongqo loba izigqoko ezidulayo, ¹⁰ kodwa ngenzenzo ezinhle, ezifanele abesifazana abathi bayamkhonza uNkulunkulu. ¹¹ Owesifazana kumele afunde ethule langokuzithoba okupheleleyo. ¹² Kangivumeli ukuba owesifazana afundise loba ukuba lamandla phezu kowesilisa; kumele athule. ¹³ Ngoba u-Adamu wabunjwa kuqala; kwalandela u-Eva. ¹⁴ Njalo u-Adamu kasuye owakhohliswayo; ngowesifazana owakhohliswayo wasesiba yisoni.

¹⁵ Kodwa abesifazana bazasindiswa ngokuzala abantwana, uma beqhubeka ngokukholwa, langothando kanye lobungcwele ngokufaneleyo

Ababonisi labadikoni

3 Nansi isitsho esiqotho esithi: Uma umuntu ebeke inhliziyi yakhe ekubeni ngumbonisi ufisa umsebenzi olesithunzi.

² Umbonisi akumelanga abe ngosolekayo, abe yindoda yomfazi oyedwa, ezithibayo, elamandla okuzibamba, ehloniphekayo, ephatha kuhle izihambi, engafundisa, ³ engayisiso sidakwa, engeladlakela kodwa emnene, engathandi ingxabano, engathandi mali.

⁴ Kayibe ngephatha kuhle umuzi wayo ibone ukuba abantwana bayo bayayilalela ngenhlonipho efaneleyo.

⁵ (Uma umuntu engakwazi ukuphatha umuzi wakhe, angaliphatha njani ibandla likaNkulunkulu na?) ⁶ Akumelanga kube ngosanda kukholwa, hlezi azikhukhumeze abe ngaphansi kokwahlulelwa kuye loSathane. ⁷ Njalo kumele abe ngodume ngokuhle kwabangaphandle, ukuze angangeni ehlazweni lasemjibileni kaSathane.

⁸ Ngokunjalo, abadikoni labo kumele kube ngabantu abahloniphekayo, abaqotho, abanganathi iwayini elinengi, abangadingi inzuzo ngobuqili ⁹ Kumele babambelele eqinisweni elizikileyo kanye lasekukholweni ngesazela esihlanzekileyo. ¹⁰ Kumele baqale bahlolwe; nxa kungekho lutho olubi ngabo, kabasebenze njengabadikoni. ¹¹ Ngokunjalo, labomkabo kumele babe ngabesifazana abahloniphekayo, abanganyeyiyo kodwa abazithibayo labathembekileyo ezintweni zonke.

¹² Umdikoni kabe lomfazi oyedwa kuphela njalo ophatha kuhle abantwana bakhe kanye labendlu yakhe. ¹³ Labo

abasebenze kühle bayazuza isithunzi lesithembiso esikhulu ekukholweni kwabo kuKhristu uJesu.

¹⁴ Lanxa ngithemba ukuba ngizakuza kuwe masinyane, ngikulobela iziqondiso lezi ukuze kuthi ¹⁵ uma ngiphuzile, ukwazi ukuthi abantu kumele baziphathe njani endlini kaNkulunkulu, elibandla likaNkulunkulu ophilayo, insika lesisekelo seqiniso. ¹⁶ Kungekho kuthandabuza imfihlakalo yokwesaba uNkulunkulu inkulu:

Wabonakala engumzimba,
wafakazelwa nguMoya,
wabonwa yizingilosi,
watshunyayelwa phakathi kwezizwe,
umhlaba wakholwa kuye,
wenyukiselwa phezulu ngenkazimulo.

Iziqondiso kuThimothi

4 Umoya utsho ngokucacileyo ukuthi ngezikhathi zokucina abanye bazalahla ukukholwa balandele imimoya ekhohlisayo lezinto ezifundiswa ngamadimoni. ² Ukufundisa okunjalo kuza labaqambi bamanga abangabazenzisi abalezazela ezatshayo kungathi zahaqazwa ngensimbi etshisayo. ³ Balela abantu ukuba bathathane njalo babalaye ukuba bazile ukudla okuthize, uNkulunkulu akudalela ukuthi kwamukelwe ngokubonga yilabo abakholwayo labalaziyo iqiniso. ⁴ Ngoba konke uNkulunkulu akudalayo kulungile, njalo akulalutho okumele lwaliwe uma lusamukelwa ngokubonga, ⁵ ngoba kungcweliswa yilizwi likaNkulunkulu lomkhuleko. ⁶ Uma lezizinto uziphawula kubazalwane, uzakuba ngumfundisi omuhle kaKhristu uJesu, okhuliselwe phakathi kwamaqiniso okukholwa lemfundiso enhle oyilandelayo.

⁷ Ungazinaki izinganekwane ezikhohlakeleyo kanye lezindaba eziyize, kodwa wena zifundise ukumesaba uNkulunkulu. ⁸ Ngoba imfundiso yokuqinisa umzimba ilosizo oluthile, kodwa ukwesaba uNkulunkulu kulosizo ezintweni zonke, kulesithembiso ekuphileni kwakhathesi lasekuphileni okuzayo.

⁹ Lesi yisitsho esiqotho okumele samukelwe ngokupheleleyo ¹⁰ (njalo lokhu siyakusebenzela sikutshikatshikele), ukuba ithemba lethu silibeke kuNkulunkulu ophilayo, onguMsindisi wabantu bonke, ikakhulu owalabo abakholwayo.

¹¹ Laya njalo ufundise ngalezizinto. ¹² Ungavumeli muntu ukuba akweyise ngenxa yokuthi usakhula, kodwa abakholwayo benzele isibonelo ngokukhuluma, langokuphila, langothando langokukholwa kanye langokuhlambuluka. ¹³ Zinikele ekufundeleni uzulu imibhalo, ekutshumayeleni kanye lasekufundiseni, ngize ngifike. ¹⁴ Ungasideli isipho sakho, owasiphiwa ngelizwi lesiphrofetho lapho ibandla labadala labeka izandla zalo phezu kwakho.

¹⁵ Khuthalela izinto lezi; zinikele ngokupheleleyo kuzo, ukuze umuntu wonke abone ukuqhubeka kwakho. ¹⁶ Qaphela kakhulu ukuphila kwakho kanye lemfundiso. Bamelela kuzo, ngoba uma usenza njalo, uzazisindisa wena ngokwakho kanye labakuzwayo.

Izeluleko ngabafelokazi, labadala kanye lezigqili

5 Ungamkhuzi ngolaka umuntu omdala, kodwa mncenge ngokungathi nguyihlo. Amajaha apathe njengabafowenu, ² abesifazana abadala njengonyoko, abesifazana abatsha

njengodadewenu, ngokuhlambuluka okupheleleyo.

³ Woba lonanzelelo olufaneleyo kubafelokazi abaswelayo kakhulu.

⁴ Kodwa uma umfelokazi elabantwana kumbe abazukulu, labo kumele bafunde kuqala kulakho konke ukusebenzisa ukholo lwabo ngokukhathalela abendlu yakwabo ngalokho besenanisa kubazali babo lakubazali babazali babo, ngoba lokhu kuyamthokozisa uNkulunkulu.

⁵ Umfelokazi oswelayo kakhulu njalo esele eyedwa ubeka ithemba lakhe kuNkulunkulu njalo aqhubeke ebusuku lemini ekhuleka ecela usizo kuNkulunkulu. ⁶ Kodwa umfelokazi ophilela intokozo ufile lanxa esaphila. ⁷ Banike labo abantu izeluleko lezi, ukuze angabi khona ongasoleka. ⁸ Uma umuntu enganakekeli izihlobo zakhe, ikakhulu abendlu yakwabo, uselulahlile ukholo lwakhe njalo mubi kakhulu kulongakholwayo.

